Inhliziyo Eyejwayelekile

Isihloko:

Incazelo:



Inhliziyo ejwayelekile iyiphampu eliphampa igazi emzimbeni wonke.

Inhliziyo isebenza njengamaphampu amabili. Iphampu ngalinye linezingxenye ezimbili – ingxenye elulana emise okwesaka eliqoqa igazi kanye neyesibili eyigumbi elinodonga oluqinile ehambisa igazi ngaphakathi enhliziyweni. Iphampu yenhliziyo yangakwesokunxele ebomvana (ePhinki) yiyona eqinile ephampa igazi liye emzimbeni wonke. Lena engakwesokudla (eluhlaza okusibhakabhaka) yiphampu elinomfutho ophansi ephampa kuphela igazi eliya emaphashini.

Kunamavalvu ama-4 enhliziyweni. Wona avimba gazi ukuthi lingabuyeli emuva futhi avumela kuphela ukuba igazi liye nganxanye.

Umzimba wethu udinga umoya ohlanzekile (i-oxygen) ukuze uhlale usebenza. Igazi lisetshenziswa ukuthwala le oxygen kuzo zonke izingxenye zomzimba wethu. Uma isisebenzile yonke sidinga enye ngale kwalokho siyokufa. Igazi elivela emzimbeni lisuke seliyisebenzise yonke i-oxygen (linombala oluhlaza okusasibhakabhaka okuzothile-dark blue) ngakho lidinga ukuthola enye i-oxygen. Lihamba liye engxenyeni yenhliziyo yangakwesokudla okuyiyona ngxenye ephampa igazi liye emaphashini akho. Uma siphefumula sigcwalisa amaphaphu ethu nge-oxygen. Igazi eliya emaphashini lithola le oxygen emaphashini bese liguquka umbala libe bomvu okuphaphathekile (light red). Leli gazi lithwalwa ngamapayipi libuyele engxenyeni engakwesobunxele yenhliziyo lapho iphampu eliqinile liphampa khona igazi eligcwele i-oxygen, liye emzimbeni. Uma sigijima sidinga amandla amaningi esiwathola ku-oxygen, yingakho siphefumula mawala nenhliziyo yethu iphampa masinyane ukuze sithole amandla amaningi emizimbeni yethu.